UMasipala wesiFunda uGu

**Inkulumo yesabelomali eyethulwa uMhlonishwa iMeya uKhansela N.H. Gumede, emaqondana nokwethulwa koHlelo Lwentuthuko Edidiyele (IDP) kanye nesabelomali sonyakamali wezi-2016/2017, eyethulela uMkhandlu kaMasipala wesiFunda uGu mhla zingama-26 kuNhlaba wezi-2016.**

Lo nyaka ungunyaka we-16 kwaba khona ohulumeni bezindawo ngaphansi kombuso wentando yabantu lapho bonke omasipala KwaZulu-Natali besebenzisa khona leli thuba ukukhumbula ngohambo lwabo lweminyaka eyi-16 lokwenza ngcono izimpilo zemiphakathi yakithi. Le mpumelelo futhi inikeza imiphakathi ithuba lokukhombisa ibanga eselihanjwe ekwenzeni ngcono impilo yabo bonke ngokuhlinzeka ngezidingo emiphakathini yonke le minyaka.

UMkhandlu wethu ube nenhlanhla yokusingatha ukwethulwa ngokusethethweni kwemigubho yeminyaka eyi-16 yohulumeni bezindawo ebibanjelwe kuMasipala Wendawo uMuziwabantu. Kanti futhi le ngqayizivele yethuba lokusingatha lo mcimbi oyingqophamlando salinikwa ngenxa yokuzinikela nokuzikhandla kwethu ekuthuthukiseni izimpilo zemiphakathi yakithi kanye nokuthola umbiko wokucwaningwa kwamabhuku ongenagcobho uma kuqhathaniswa nezinye iziFunda esiFundazweni.

Sekube yiminyaka engama-21 selokhu kwaqala umbuso wentando yabantu kanye neyi-16 kwaqala ukusebenza kohulumeni bezindawo. Ohulumeni bezindawo sebekwazile ukuthi bazihlele kabusha kule minyaka eyi-16, sebekwazile futhi ukwedlulisela izidingo kanye nokuthuthukisa imiphakathi eyayincisheke amathuba.

Eminyakeni eyi-16, ohulumeni bezindawo sebedlondlobele besuka ekubeni yizikhungo ezazicindezelwe nezazisebenza ngokungekho emthethweni baba yizikhungo eziholwa ngabakhethwe ngokwentando yabantu, izikhungo ezisezingeni lomthethosisekelo nezibhekelele intuthuko. Okusemahlombe ethu, ukusuka lapha, wukusebenza singaphumuli ekubhekaneni nezinselelo ezintathu esibhekene nazo okungububha, ukungabikho kwemisebenzi kanye nokungalingani.

***Somlomo ohloniphekile woMkhandlu, Khansela S.B Cele;***

***Baholi boMdabu, Sekelameya , Khansela M. Chiliza; ziMeya zoMasipala Bendawo; Malungu eSigungu Esiphezulu; Malungu oMkhandlu; Mphakathi owakhele isiFunda uGu; Menenja kaMasipala, Mnu D.D Naidoo kanye nabasebenzi bezokuphatha, Zicukuthwane; Abemithombo yabezindaba;***

**Nabobonke abakhona, ngokuhlukana ngokwezikhundla zabo!!!!**

Somlomo;

Ngimi la namhlanje ngigcwele ukuzethemba nokuzigqaja anginavalo futhi angesabi ukusho ukuthi uMasipala wesiFunda uGu sowuthuthukile impela kunakuqala. Impela sesisithukisile isiFunda sethu.

Ngicela ukwamukela abantu bakulesi siFunda okuzwakele ukukhala kwabo ngenkathi siqhuba izimbizo ze-IDP noma zesabelomali

esihlanganyele nabo lapha ngokuba kusona sonke isifunda kusakazwa bukhoma konke okuqhubekayo lapha.

Somlomo, ngenyanga kaMbasa kowezi-2016 sike sadlana indlebe nezinkulungwane zabahlali maqondana ne-IDP noma iSabelomali kubona bonke oMasipala bezindawo abangaphansi kwalesi siFunda, inhloso yalokhu kwabe ukuthola uvo lomphakathi wakithi maqondana nalolu hlaka lwesabelomali kanye nokuzwa amanzi ngobhoko inqubekelaphambili esesiyenzile ekunikezelweni kwezinsiza kuze kube yimanje ngokunjalo nokuthola nokuzwa uvo ngezidingo zabantu abafuna zibekwe eqhulwini.

Ingempela izakhamuzi zakuqinisekisa ukuthi uMasipala wesiFunda uGu uyibambe ngakho ekunikezeleni ngamanzi nangokuthuthwa kwendle, kodwa kusekuningi okusamele kwenziwe. Lolu hlaka lwesabelomali engizolwethula lapha eMkhandlwini ngihlose ngaso ukubhekana nezidingo zomphakathi abazethula ngenkathi kunalezi zimbizo ekade ngizisho.

Somlomo, lesi sabelomali esisethulayo namhlanje futhi sikhombisa ukuzibophezela kwethu ekubhekaneni nezinselelo esibhekene nazo, ngokulangazelela nangomdlandla omkhulu. Lesi sabelomali siveza izibalo eziyiqiniso zezinhlelo esizibalulile ku-IDP.

Kulesi sikhathi sisabambe izintambo simemezele izinhlelo ngokugqaja nangokuzibophezela esizihlele zahambelana nalokho esikubeke eqhulwini esikuhlonzile. Impela kuye ngawenkehli. Sikwenzile asabe sithe sizokwenza. Senze konke okusemandleni ukwenza ngcono kanye nokwandisa izimali zethu. Singcono kakhulu isimo sezimali sethu

kunalesi okwabe kuyiso ngaphambilini. Sibe namaqhinga namasu okusimamisa isimo sethu kwezezimali impela sesinozinzo ngakwezezimali. Sisebenze kanzima kakhulu ukwandisa izimali esizitshala kungqalasizinda okwenza ngcono izinga lempilo yomphakathi wakithi. Sisebenze kanzima impela ukuthuthukisa izinga lezinsiza zethu.

Somlomo, namhlanje ngizizwa nginentokozo enkulu ukwethulela lo Mkhandlu lolu hlaka lwesabelomali sikaMasipala wesiFunda uGu sowezi-2016/17.

Ngaphezu kwalokhu, iSigaba 87 sesigatshana (3) soMthetho wokuPhathwa Kwezimali Zomasipala, uNo. 56 wezi-2003, siyalela iMeya yohlaka lukamasipala ukuba nalo lwethule isabelomali esihlongoziwe ngenkathi lapho kwethulwa isabelomali sonyaka sikamasipala salowo nyaka. Ngakho-ke, ngokuhambisana neSigaba 87 (3), name ngizobengethula uhlaka lwesabelomali se-uGu South Coast Tourism Entity sikanye naleso so-uGu South Coast Development agency.

Somlomo, le miqulu engiyibalile engizoyethula kulo Mkhandlu siyindlela yesu lokusebenza ezokwengamela ngendlela efanele izimali zomphakathi lo Mkhandlu onikezwe zona ngenhloso yokuba unikezele izinsiza.

Ekuhleleleni lolu hlaka lwesabelomali, siye saqikekela sacophelela ukungagudluki emsebenzini wethu esiwujutshelwe ngokusemthethweni (ukuhlinzeka amanzi nezindlu zangasese kanye nendawo yokuhlala enozinzo) futhi siye sakuqinisekisa ukuthi izinsizakusebenza zabiwa ngendlela efanele ukuze sifezekise le zinhlosongqangi.

Somlomo, uhlaka lwesabelomali lowezi- 2016/17 esilwethulayo lapha namhlanje luhlose ukudala ukulingana phakathi kokusemqoka kokunikezelwa kwezinsiza okuqhubekayo kanye nokubhekana nezinselelo zentuthuko isiFunda sethu esibhekene nazo.

Ukwenyuka kwenkokhelo emisiwe yesabelozimali sowezi- 2016/17 kulawulwa yilezi zinqumo ezinqala ezilandelayo:

- Izindleko zemikhiqizo zosapulaya bethu – inkokhelo emisiwe yabakwa-Eskom eyenyuke ngo- 9.4% kanye nokwenyuka kweyaseMngeni Water ebe ngaphezu kuka -9.5% ngokuhlinzeka amanzi awumthamo.

Ngokubheka lokhu okungenhla, inkokhelo emisiwe ehlongoziwe yamanzi yenyuke ngo- 5.7%, kanti eyokuthuthwa kwendle kube ngu-5.7%.

Impela lokhu kuzoba nomthelela omkhulu emalini engenayo, okuzobeka unyakamali wezi-2016/2017 ngokuba ube ngozodinga imali ethe xaxa.

Ukuqinisekisa uzinzo ngakwezezimali engike ngalubalula phambilini, izindleko zabasebenzi bakaMasipala sidinga ukuba kubhekwane naso ngokukhulu ukushesha njengalokhu siqhubeka zikhula okuzobeka isimo sezimali sethu engcupheni enkulu.

Nakuba zikhona lezi zinselelo, kusadingeka ukuba sifezekise umsebenzi esiwujutshelwe ngokomthetho emphakathini wakithi. Lokhu kuzodinga ukuba singuMkhandlu sihlale siqaphe ngolokhozi ekubambeni iqhaza lethu lokwengamela ngokwezepolitiki kanye nokuqinisekisa ukuphathwa kwezimali zomphakathi okwezikhali zamantungwa. Singakwenza lokhu ngokuba sihlolisise umthelela wezinhlelo zokunikezelwa kwezinsiza

emiphakathini yethu. Umthelela wokunikezelwa kwezinsiza kwethu kumele ngaso sonke isikhathi ubhekane nezinselelo zokungabibikho komsebenzi, ububha kanye nokungalingani.

Somlomo, kumqoka ukusho nje ukuthi lo Mkhandlu akusensuku zatshwala ubeke izintambo kusukela amalungu awo afungiswa ngokusemthethweni ngoNhlangulana wezi-2011.

Sibonga asiphezi kuzakhamuzi zesiFunda uGu ngokusijuba siwenzele umsebenzi ngendlela ecacile. Lo Mkhandlu uhlalelwe umsebenzi wokufezekisa izinjongo zikaHulumeni kaZwelonke; okuyimisebenzi ebekwe oHlelweni Lwentuthuko Lukazwelonke- umbono kaHulumeni wokuguqula iNingizimu Afrika yonkana ngowezi- 2030. singuMkhandlu, lolu hlelo lucace bha olusibhekise ekuhlinzekeni izinsiza kubantu besiFunda uGu.

Somlomo, uMkhandlu wethu njalo uhlale uwazisa umsebenzi omqoka okufanele wenziwe yithina sonke kusona sonke isifunda ukuze siqhubeke nokufezekisa izimpokophelo Zentuthuko Yesikhathi seminyaka eyinkulungwane (MGDs), njengoba siqhubeka nokufezekisa iphupho lokudlondlobalisa iNingizimu Afrika ngonyaka wezi-2030.

Siqhubekile nokubamba iqhaza elimqoka ekwenzeni imisebenzi Yethu emqoka okungukuhlinzeka amanzi kanye nezindlu zangasese, ngalokhu sikwazile ukuhlomula amaphesenti ayikhulu ngokuhlinzeka izindlu zangasese ezingena umoya ezakhiwe kabusha komasipala bendawo ababili, kanti sisalelwe ama-30% nje kulaba abanye omasipala bezindawo. Ngaphezu kwalokhu, sesiwuqalile umklamo wokufaka

amapayipi okuhambisa indle okuhloswe ngawo ukuba abhekelele zonke izindawo ezingaphansi kwesiFunda uGu kanye.

Somlomo, ngivumele ngikhumbuze le ndlu ngenqubekelaphambili esesiyenzile kuze kube yimanje, ngenkathi sokuba kwethu ezintanjeni ngokwezepolitiki, imiklamo emikhulukazi yamanzi nezindlu zangasese iyaqhubeka impela futhi lokhu kudla kusabelomali sethu sokusebenza.

Sesikuphothulile ukwakhiwa kwedamu i-Mhlabashane eMzumbe kanti ukuphothulwa kwaleli damu elikuMasipala wendawo uMzumbe kukhombisa ukuqhubeka nokufezekisa isibopho sikamasipala wethu sokuqinisekisa ukuhlinzekwa kwengqalasizinda yamanzi ayisisekelo kuyona yonke imiphakathi. Lo mklamo uzohlinzeka abantu ababalelwa ku- 100 000 baseMzumbe nase-Hibiscus Coast Ogwini bazobahlinzeka ngamanzi ahlanzekile. Ihlosongqangi yalo mklamo ukuhlinzeka amanzi ahlanzekile ezindaweni zamakhosi eziyishumi kanye nezigodi zamakhosi ezingamashumi amane neshiyagalolunye okungukuthi ngamaWadi kamasipala ayisikhombisa.

Lo mklamo ozodla izigidi ngezigidi ubandakanya ukwakhiwa kwedamu elisha, imigwaqo, isitamkoko sendle esikhulu (pump house), amapayipi amanzi, izindawo zokuhlanza amanzi kanye namadamukazi amanzi.

**EVulamehlo** – eDududu kufakelwa amapayipi amanzi, kwaMaphumulo kufakelwa amanzi kanti kuPhase 4 umklamo wamanzi eThoyane.

- **UMdoni** – kufakelwa amanzi kanye nezindlu zangasese eMzinto Farm Isonti

- **Umzumbe** – Umklamo wamanzi kwaNdelu, umklamo wokufakelwa kwamapayipi amanzi eMhlabashane kanti eMbheleni East nakhona umklamo wokuphakelwa kwamanzi.
- **UMasipala I-Hibiscus Coast** –e-Stick Farm kufakelwa amanzi, kwaXolo kuhlinzekwa amanzi amaningi azogcinwa emathangini amakhulu, iDamu lokugcina amanzi amaningi laseMzimkhulu, eMthamvuna kufakelwa amanzi.
- **Ezinqoleni** – Uhlelo lokuhlinzekwa kwamanzi anele nazogcinwa emathangini aseZinqoleni; simatasatasa manje nokuthuthukiswa kwezindawo zokugcinwa kwamanzi kwaNyuswa.
- **Umuziwabantu** –siqedela ukwakhiwa kwe-Harding Wezwa Dam. Sesikuphothulile ukwakhiwa kwenqgalasizinda yokugcina amanzi amaningi kanye nokwakhiwa kwezindlu zangasese ezakhiweni zakoMazakhele eHarding.

Kufanele ngikubalulule ukuthi lokhu kungenxa yokusebenzisana okuqhubekayo okuhloswe ngako ukuvula amathuba omsebenzi ngokuba sihlinzeke ingqalasizinda, sibe futhi sihlinzeka isimo sendawo esikulungele ukuhlala abantu esithuthukisa izimpilo zomphakathi esiwusebenzelayo. Impela lezi yizindaba ezihlabahlosile esingaxoxa.

## ISabelomali sowezi-2016 /2017

NgokweSahluko 57 soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala uNo.56 wezi-2003, ngiyalelwe ukuba ngethulele lo mhlangano isabelomali sikamasipala sowezi-2016/2017 ukuze usigunyaze.

Isamba sesisonke salesi sabelomali esisethulayo lapha kule ndlu sifinyelela ku-(R1 333 146 991) ngokwabelwa u- (R368 557 000) okuyimali yokwenza umsebenzi, kanye no- (R964 589 991) yokusebenza kukamasipala.

Somlomo, Ngimi la phambi kwenu ukwethula isu lokusebenza kulezo zindima esizogxila kuzona ngalesi sabelomali sowezi- 2016/2017. Sizibekele u- (R233 873 000) maqondana nezinhlelo zethu zokusebenza kulo nyaka wezi-2016/2017.

## Uhlelo lwamanzi kanye nezindlu zangasese:

Makhansela esisebenzisana nawo, isiFunda sethu okwamanje sibhekene nengwadla yesomiso esidlangile impela futhi ngaphandle kokusabela kwikhwelo lethu lokuhlela izinhlelo zokongiwa kwamanzi ngokuthatha izinyathelo ezinqala kwawo wonke amakhasimende, sizoba sengcupheni enkulu yokungabi nawo amanzi esizophila ngawo njengalokhu sazi sonke ukuthi amanzi ayimpilo.

Ngakho-ke sinxusa umphakathi ukuthi ungakhohliswa yilezi zimvula ezisanda kubakhona futhi uqhubeke nokonga amanzi ukuze uqinisekise ukuthi lawa akhona ayasigcina isikhathi eside. Imvula esanda kuna ingasikhohlisa nje ukuthi sesiphelile isomiso ekade sisikhahlamezile. Umthelela walesi somiso ube mkhulu kakhulu okungukuthi le mvula

ayenele ukubhekana nokwentuleka kwamanzi ezindaweni ezikhahlamezeke kakhulu ezingaphansi kwalesi siFunda. Impela usaqhubeka umkhankaso wethu wokonga amanzi.

Sibe sesibeka eceleni isamba u-(R233 873 000) ohlelweni olubizwa nge-(MIG) oluzolekelela kwingqalasizinda yokuhlinzekwa ngamanzi nokuthuthwa kwendle.

Ngemali eyengeziwe engu-(R42 840 966) ezothathwa oHlelweni Lokwabelana Ngokulingana (Equitable Share), izosetshenziswa ukuhlomulisa abantu abahlwempu nabantulayo ngamanzi amahhala azodonswa ngamapayipi azofinyelela emagcekeni bawathole kompompi.

Imali eyisamba sezi-(R23 317 084) ehlinzekwa uHulumeni Kazwelonke yoXhaso loHlelo Lokwabelana Ngokulingana, lemali izosetshenziselwa ukuhlinzekwa mahhala ngamanzi alethwa ngohlelo lwamamitha kule miphakathi.

Kuzophindwa kwengezwe ngesamba semali u-(R105 887 779) izohlinzekwa kubantu mahhala ukuze bathole amanzi, lokhu kuzokwenziwa ngenxa yesimo sokungabi namali abantu bethu abaphila ngaphansi kwaso.

Ukwabiwa kwesamba semali sezi-(R6 246 580) ilungiselelwe ukuhlinzekwa ukuthuthukisa izindlu zangasese ezindaweni zasemakhaya, okuwuhlelo oluqhubekayo emsebenzini wethu wokuqeda ukusilela emuva maqondana nokwakhiwa kwezindlu zangasese ezindaweni zasemakhaya kubona bonke oMasipala abangaphansi kwalesi siFunda.

**UGu South Coast Tourism.**

Ukusebenza ngaphansi kweSigaba (87) (3) soMthetho Wokuphathwa Kwezimali Zomasipala**,** nathi sethula isabelozimali so-uGu South Coast Tourism kanye nese-South Coast Development Agency ezigunyazwe yiBhodi elibhekele ukusebenza kwalezi zinhlangano.

Isamba semali sezi-(R8 000 000, 00) esizoyisebenzisa kunyaimali ozoqala mhlaka-1 kuNtulikazi wezi-2016, u-(R18 750 428) ozohlinzekwa ekulekeleleni emsebenzini nemali eyisamba sezi-(R540 000) naso esizosiza kuloluhlelo esengikhulume ngalo ngenhla.

Njengohlelo lwethu oluqhubekayo esizibophezele ukulwenza lokuthuthukisa izimboni zokuvakasha, singuMkhandlu kaMasipala sibeke esinye futhi u-(R12 175 732) wokumaketha nokuthuthukisa ezokuvakasha.

Sizophinda sisebenze ngokuzikhandla sibambisene nebhodi elibhekelele ukusetshenziswa kwezimali zomphakathi, nokubhekana nezinselelo zokuhlinzekwa koMasipala ekwenzeni ngcono izimpilo zabantu.

**I-South Coast Development Agency**

Isamba semali esingu-(R13 684 000) esizoqala ukusetshenziswa mhla lulu-01 kuNtulikazi wezi-2016, lesi samba sizophinde silekelelwe isamba sezi-(R13 678 020) kanye no-(R50 000) ozobhekela izindleko zokusebenza kukamasipala.

Njengengxenye yokuzibophezela kwethu ekuqinisekiseni ukuthuthuka komnotho esiFundeni sethu, singuMasipala wesiFunda sibeke u-(R5 512 500). Siyaphinda siyakuqinisekisa ukuzibophezela kwethu ekusebenzisaneni neBhodi ngokwenza umsebenzi esiwujutshelwe kanye

nokubhekana nezinselelo elizohlangabezana nazo. Sizohlale sizivulile izandla ngokuba okwethu ukwakha isiFunda esithuthukile esizokhulisa ukuthuthukiswa komnotho wabantu baso.

## Usizo Lokulekela Abahlwempu

Ukuphila ngaphansi kwezimo ezinzima zezomnotho kubanzima kubantu ukuphila impilo efanele ukuphilwa umuntu. Ngokwezihlinzeko zeNqubomgomo Ebhekele Ukweseka Abahlwempu, sizoqhubeka nokuhlinzeka labo abafanele ukuthola usizo lwabahlwempu ngobanika izaphulelo.

Maqondana nokuhlinzekwa kwezindlu zangasese, amakhasimende ahlwempu azonikezwa uxhaso ngokuphelele njalo ngenyanga ngokuthuthelwa indle nokugcinwa kwamanzi nokongiwa kwawo emathangini; ngaphandle kwalawa azokhokhelwa izakhamuzi njengoba kwakuvunyelwene.

Maqondana nokuhlinzekwa ngamanzi kwezakhamuzi, kunesamba sika-(R22 656 921) esibekwe eceleni ukusiza abahlwempu ngokuba kuhlinzekwe ama-6kl amanzi kuleyo mindeni efanelekile, imali eyitholayo ngenyanga isiyonke angevile emalini yempesheni eyimiholo emibili.

**Izinhlelo eziyiSipesheli**

Senze enkulu inqubekela phambili maqondana nokubhekana nesimo salabo abadinga izinsiza eziyisipesheli bakulesi siFunda. Ukwethulwa kohlelo i-Sukuma Sakhe I-(OSSP) okuwuhlelo lokuqeda ububha oluholwa yihhovisi likaNdunankulu, lusinike ithuba lokusebenzisa ezinye izinsiza ekufezekiseni umsebenzi wethu.

SiwuMkhandlu uGu siyaqhubeka nokusebenza ngokuzikhandla sibambisene neThimba likaSukuma Sakhe.

Ukuhlinzekwa ngokwezinhlelo eziyiSipesheli kumi kanje:

- Intsha :u-R1 500 000
- Ubulili : u-R 500 000
- Abantu abadala : u-R 310 000
- ISandulelangculazi Nengculazi : u-R 500 000
- Amalungelo eziNgane : u-R 300 000

- Ukukhubazeka : u-R 400 000
- Isikhwama somfundaze sikaMeya : u-R 500 000
- Ukubandakanywa komphakathi : u-R1 500 000
- Imali Yokwelekelela ukungcwathwa kwabahlwempu : u-R 110 000
- Ezemidlalo kanye nokuNgcebeleka : R 4 000 000
- Izinhlelo zokweseka umphakathi :u-R 500 000

Somlomo! Konke sekumi ngomumo ekutheni sisebenze ngalesi sabelomali esisethule lapha namuhlanje, ukuqhubeka nokufaka isandla entuthukweni yalesi sifunda kodwa kodwa ukuba nje sibe ngamafolosi futhi sihlele le ntuthuko. Siyazobophezela futhi ukubhekana nezinselelo enqinda inqubekela Yethu ekwenzeni izimpilo zabantu kube ngezingcono.

## Isiphetho:

UMasipala wesiFunda uGu emzamweni wawo wokusheshisa ukunikezelwa kwezinsiza uzoqhubeka nokuqalisa izinhlelo zokufakelwa kwamanzi kanye nezindlu zangasese, futhi uzobamba iqhaza elinqala ekufezekiseni umsebenzi ojutshelwe ukuba uwenze ngokuba usebenzise izinhlelo ezihlabahlosile zokunikezelwa kwezinsiza. Lokhu kuzoselekelela ukuqinisekisa sisonke ukuthi imiphakathi yakithi ithola impilo engcono yabo bonke.

Balingani bami esisebenza nabo, abantu bazwakalise uvo lwabo, siyihlinzekile ngalokho ekudingayo; abantu bayakhuluma, siyasabela, abantu bayabusa. "Sisonke siqhubezela isiFunda sethu phambili".

Ngiyabonga.

**UKhansela N.H Gumede**

**IKHISHWE:**

**UMKHANDLU UGU KAMASIPALA**

**UPHIKO LWEZOKUXHUMANA**